**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu, A, B no-C.
- Kuleso naleso sigaba ukhethe okukodwa kuphela.
- Uma ukhethe isithombe esingenasihloko yinike isihloko indaba yakho.
- Landela umyalo okuleso naleso sigaba.

---

ISIGABA A

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko esisodwa ubhale kugcwale amakhasi amabili kuphela.

1.1 Ukuhlukunyezwa kwezingane.

1.2 Iningizimu Afrika isineminyaka eyishumi nambili ibusa ngentando yeningi, zinguquko zini ezenziweyo?

1.3 Intsha yanamuhla nezidakamizwa.


1.4 Ukubaluleka kwemfundo.

1.5 Buka lo mfanekiso ongezansi bese ubhala indaba ngawo. Yinike isihloko indaba yakho.




**Pheqa ikhasi**

1.6 Bheka isithombe esilandelayo bese ubhala indaba oyithandayo ngaso. Yinike isihloko indaba yakho.



**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B

**UMBUZO 2**

Khetha okukodwa kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa vo.

2.1 Ubungekho esikoleni isonto lonke. Bhala INCWADI ubhalele uthishanhloko wakho umtshele inkinga yakho ukuthi kungani ubungekho esikoleni isonto lonke.

2.2 Ubaba wakho ukwenzele umsebenzi wokukukhulisa ngoba usuneminyaka engamashumi amabili nanye (21). Isoka lakho likuthengele umbhede kanokusho njengesipho sakho. Ubaba wakho uthukuthele ugane unwabu uthi akasifuni isipho esinje emzini wakhe. Bhala INGXOXO phakathi kwakho nobaba wakho ngalesi sipho.

2.3 Bhala INCWADI ubhalele umngani wakho ngesigameko esacishe sakumisa umoya.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [20]**

ISIGABA C

**UMBUZO 3**

Khetha okukodwa ubhale kugcwale ikhasi elilodwa vo.

3.1 Umfowenu uzobe eshada ngenyanga ezayo. Wena ukhethwe umndeni ukuthi umeme izihlobo kanye nabangane. BHALA IKHADI LESIMEMO umeme labo bantu.

3.2 Udadewenu uqede izifundo zakhe zokuba wuthisha enyuvesi ethile. Abazali bamenzele idili lokubonga. Wena ukhethiwe ukuba wethule inkulumo kulelo dili. Yethula INKULUMO umbongele ngempumelelo yakhe nokuba yisibonelo esihle ekhaya.

3.3 Ufunde ephepheni ngesitolo sakwa Woolworths esifuna abafundi abaqede ibanga leshumi ukuba bazobamba itoho emva kokuqeda ukubhala. Bafuna uthumele isivi yakho. Bhala uhlelo lokuzazisa (CV) ufake yonke imininingwano yakho.

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**